sport, arts & culture

Department:
Sport, Arts and Culture
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

INQUBOMGOMO YEZILIMI EZISEMTHETHWENI YE-DSAC

isiZulu

DSAC OFFICIAL LANGUAGE POLICY

AUTHORISATION AND EFFECTIVE DATE

Signed in ....PRETORIA.... on the ....20..... day of .....JANUARY.. 2021.

DEPARTMENT	NAME OF REPRESENTATIVE	SIGNATURE
SPORT, ARTS AND CULTURE	DG: MR SV MKHIZE	

EFFECTIVE DATE: ...20/01/2021.....

INQUBOMGOMO YEZILIMI EZISEMTHETHWENI YE-DSAC

1.

2. UKUGUNYAZWA NOSUKU LOKUQALISA UKUSEBENZA

Isayindwe e-/o-/kwa- ..... mhla zi- ..... ngo- ..... 2021.

UMNYANGO	IGAMA LOWUMELE	ISIGINESHA
WEZEMIDLALO, EZOBUCIKO NAMASIKO	U-DG: UMNU. SV MKHIZE	

UQALA UKUSEBENZA MHLA ZI-: .....

Ithebula lokuqukethwe

1. Amagama nezincazelo

2. Amathuluzi omthetho

3. Inhloso nengqikithi yokulawula kwale Nqubomgomo

4. Imigomo

5. Umsebenzi we-DSAC

6. UPhiko Lwezilimi lwe-DSAC

7. Izilimi Ezisemthethweni ze-DSAC

8. Ukusetshenziswa Kwezilimi Ezisemthethweni yi-DSAC

9. Ukuxhumana namalungu omphakathi olimi lwawo lokuzikhethela akulona olunye lwezilimi ezisemthethweni zeRiphabhlikhi

10. Ukuxhumana namalungu omphakathi olimi lwawo lokuzikhethela uLimi Lwezandla lwaseNingizimu Afrika

11. Ukushicilelwa nokufinyeleleka kule Nqubomgomo

12. Indlela yezikhalazo

13. Ukubuyekezwa Kwenqubomgomo

3. Amagama nezincazelo

Igama	Incazelo
uMthetho	UMthetho Wokusetshenziswa Kwezilimi Ezisemthethweni wonyaka we-2012 (uMthetho we-12 wonyaka we-2012)
UMthethosisekelo	UMthethosisekelo waseRephabhliki yaseNingizimu Afrika wonyaka we-1996
UMnyango	UMnyango Wezemidlalo, Ezobuciko Namasiko kanye ne-DSAC
UMqondisi-Jikelele kanye no-DG-	UMqondisi-Jikelele woMnyango Wezemidlalo, Ezobuciko Namasiko
UNgongqoshe	UNgqongqoshe woMnyango Wezemidlalo, Ezobuciko Namasiko
INqubomgomo	INqubomgomo Yezilimi Yomnyango Wezemidlalo, Ezobuciko Namasiko
IZimiso	IZimiso ngokoMthetho
IRiphabhlikhi	IRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika
I-SASL	ULimi Lwezandla lwaseNingizimu Afrika

2. Amathuluzi omthetho

2.1 UMthethosisekelo waseRephabhliki yaseNingizimu Afrika wonyaka we-1996

2.2 UMthetho Wokusetshenziswa Kwezilimi Ezisemthethweni wonyaka we-2012 (uMthetho we-12 wonyaka we-2012)

2.3 IZimiso ngokwesahluko se-13 soMthetho

3. Inhloso nengqikithi yokulawulwa kwale Nqubomgomo

3.1 Le nqubomgomo idingwa isahluko se-4 soMthetho, njengoba kulandela:

3.1.1 isahluko sesi-4(1) sihlinzeka ukuthi yonke iminyango kazwelonke, izinhlaka zikahulumeni zikazwelonke kanye nezinkampani zikazwelonke zikahulumeni zifanele zibe nenqubomgomo yezilimi ngokusebenzisa kwazo izilimi ezisemthethweni; futhi

3.1.2 isahluko sesi-4(2) sihlinzeka ukuthi inqubomgomo yezilimi eyamukelwe ngokwesahlukwana soku-(1) ifanele:

(a) ihlonze okungenani izilimi ezintathu ezizosetshenziselwa izinhloso zikahulumeni zisetshenziswa ngumnyango kazwelonke, uhlaka lukahulumeni kanye nenhlangano kahulumeni kazwelonke

(b) ibeka ukuthi izilimi ezisemthethweni zizosetshenziswa kanjani ngempumelelo ekuxhumaneni nomphakathi, kuzaziso ezisemthethweni, kokushicilelwe kukahulumeni, futhi ekuxhumaneni okuphakathi kohulumeni naphakathi kuhulumeni,

(c) ichaza ukuthi, umnyango kazwelonke, uhlaka lukazwelonke lukahulumeni noma inkampani kazwelonke kahulumeni, izoxhumana kanjani ngempumelelo namalungu omphakathi olimi lawo azikhethele lona lungelona olunye lwezilimi ezisemthethweni noma uLimi Lezandla LaseNingizimu Afrika (i-SASL),

(d) ichaza ukuthi amalungu omphakathi angakwazi kanjani ukufinyeleleka kwinqubomgomo yezilimi, futhi

(e) ihlinzeka ngendlela yokukhalaza ukuze amalungu omphakathi akwazi ukufaka izikhalazo mayelana nokusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni ngumnyango kazwelonke, uhlaka lukazwelonke lukahulumeni noma inhlangano kazwelonke kahulumeni.

4. Imigomo

4.1 Imigomo eyisisekelo sale Nqubomgomo yilena:

4.1.1 ukuzibophezela ekuqhubekiseleni phambili zonke izilimi ezisemthethweni zaseRiphabhlikhi ukuze kuqinisekiswe ukulingana kwezilimi ngokomthethosisekelo kanye nokwamalungelo ezilimi njengoba kudingwa umbuso wentando yeningi;

4.1.2 ukubona ubuliminingi njengensizakusebenza yokwandisa abalingani bokubambisana ekwakhiweni kwesizwe, yokuthuthukiswa komnotho kanye nobumbano lomphakathi;

4.1.3 ukuqhubekisela phambili ukufinyeleleka kwezilimi ukuze kuqinisekiswe ukuphathwa ngempulelelo kosizo lomphakathi olufeza izidingo zomphakathi futhi luqinisekise ukufinyeleleka okulinganayo kuzinsizakalo nolwazi lwe-DSAC;

4.1.4 ukuvimbela ukusetshenziswa kwanoma iziphi izilimi ngenhloso yokuxhaphaza, ukubuswa kanye nokubandlululwa ngaphakathi e-DSAC;

4.1.5 ukwamukela indlela esekelwe emphakathini, okungukuthi indlela esabalalisa futhi ibambise iqhaza ekuhlelweni kwezilimi kanye nasekusetshenzisweni kwenqubomgomo lapho uhlaka lukahulumeni ngalunye lunikwa amandla okuphawula izilimi zalo zokusebenza, njengendlela esebenza kakhulu yokuthuthukisa ubuliminingi uma kubhekwa ukwehlukahlukana okukhulu komphakathi waseNingizimu Afrika; kanye

4.1.6 nokusekela izinhlelo ezikhethekile zokulungisa izilimi zendabuko ezisemthethweni ezazincishwe amathuba phambilini.

5. Umsebenzi we-DSAC

5.1 Umsebenzi we-DSAC ubandakanya:

5.1.1 ukwejwayeza indima yezemidlalo, ezobuciko, amasiko namagugu ekuthuthukisweni komphakathi nezomnotho;

5.1.2 ukuthuthukisa, ukukhuthaza kanye nokuvikela izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika kanye nokwenza ngcono ukwehluka kwezilimi zezwe ngokwakhiwa nokusetshenziswa kwenqubomgomo;

5.1.3 ukukhuthaza ukwakhiwa kwamathuba kwezemidlalo, ezobuciko namasiko eNingizimu Afrika ngokubambisana okuzuzisa bonke abantu, kanye nokuqhakambisa amagugu amasiko ethu ekuthuthukiseni inhlalo-mnotho; futhi

5.1.4 nokwakha imithombo yengcinamagugu nolwazi yezwe.

6. UPhiko Lwezilimi lwe-DSAC

6.1 Imisebenzi Yophiko Lwezilimi kuzoba:

6.1.1 ngukweluleka u-DG ngokwakhiwa, ngokwamukelwa nokusetshenziswa kwale nqubomgomo.

6.1.2 ngukuqapha nokuhlola ukuhlonishwa kwale Nqubomgomo yase-DSAC

6.1.3 ukukhuthaza ukuhlonishwa ngokulingana kanye nokuphathwa ngokulingana kwezilimi ezisemthethweni zaseRiphabhlikhi;

6.1.4 ukwenza lula ukufinyeleleka kolwazi ngokulingana ngemisebenzi kanye nezinsizakalo zase-DSAC.

6.1.5 ukuhambisa umbiko kuNgqongqoshe kanye naseBhodini Lezilimi LaseNingizimu Afrika minyaka yonke njengoba kulindelwe esigatshaneni sesi-9(2) soMthetho.

7. Izilimi ezisemthethweni zase-DSAC

I-DSAC yamukele zonke izilimi eziyi-11 ezisemthethweni zaseRiphabhliki njengezilimi zayo ezisemthethweni ukwenzela izinhloso zale Nqubomgomo.

8. Ukusetshenziswa yi-DSAC Kwezilimi Ezisemthethweni

8.1 La maphuzu alandelayo azobhekwa ekunqumeni ukuthi yiziphi izilimi i-DSAC ezozisebenzisa kwinqikithi/kwisimo ngasinye:

8.1.1 Ukusetshenziswa

8.1.2 Ukusebenziseka

8.1.3 Izindleko

8.1.4 Izimo zesifunda

8.1.5 Ukulinganisa izidingo kanye nokuthanda komphakathi osizwayo.

8.2 Njengoba kuchaziwe ethebuleni elingezansi futhi kuncike okungenani ezilimini ezintathu ezisetshenziswayo nganoma yisiphi isikhathi.

Inhloso ye-DSAC	Ulimi
Ukuxhumana okuphakathi kuhulumeni	IsiNgisi

Inhloso ye-DSAC	Ulimi
Ukuxhumana namalungu omphakathi (izincwadi ezibhaliwe ezisemthethweni)	Izilimi ezisemthethweni zaseRiphabhlikhi, kubhekelelwa indlela echazwe esigatshaneni sesi-8.1 ngenhla
Ukuxhumana namalungu omphakathi (ukuxhumana komlomo)	Izilimi ezisemthethweni zaseRiphabhlikhi, kubhekelelwa indlela echazwe esigatshaneni sesi-8.1 ngenhla
Okushicilelwe okusemthethweni okuhloswe ukuba kusatshalaliselwe emphakathini (izaziso kuwebhusayithi, izikhangiso, izimpawu ezakhiweni namafomu)	Izilimi ezisemthethweni zaseRiphabhlikhi, kubhekelelwa indlela echazwe esigatshaneni sesi-8.1 ngenhla
Imihlangano yokulalelwa kwemibono yemiphakathi (iZimbizo) kanye nezinye izinqubo ezisemthethweni	Izilimi ezisemthethweni zaseRiphabhlikhi, kubhekelelwa indlela echazwe esigatshaneni sesi-8.1 ngenhla
Ukuxhumana nabangezwa kahle noma abangaboni kahle	Uphiko Lwezilimi lwe-DSAC luzosiza ukutolikwa kwe-SASL kanye nokuguqulelwa kube yiBreyili noma, kokunye, umsindo uma ucelwa
Ukuxhumana kwamazwe omhlaba	IsiNgisi noma ulimi oluthandwayo lwezwe elithintekayo

9. Ukuxhumana namalungu omphakathi olimi azikhethele lona lungelona olunye lwezilimi ezisemthethweni zaseRiphabhlikhi

9.1 Ilungu lomphakathi elifisa ukuxhumana ne-DSAC ngolimi okungelona olunye lwezilimi ezisemthethweni lifanele lazise i-DSAC ngokubhalwe phansi.

9.2 Ukucutshungulwa okufanele kwendlela echazwe ku-8.1 kuzosetshenziswa kuzona zonke izicelo.

9.3 I-DSAC izohlela ukuhumusha noma nokutolika okufanele kungakapheli izinsuku ezingama-20 zokusebenza kusukela ngosuku isicelo esamukelwe ngalo yi-DSAC.

10. Ukuxhumana namalungu omphakathi olimi lwawo lokuzithandela uLimi Lwezandla laseNingizimu Afrika

10.1 Ilungu lomphakathi elifisa ukuxhumana ne-DSAC nge-SASL lifanele lazise i-DSAC ngokubhalwe phansi.

10.2 I-DSAC izohlela ukutolika okufanele kungakapheli izinsuku ezingama-20 zokusebenza kusukela ngosuku isicelo sesamukelwe ngalo yi-DSAC.

11. Ukushicilelwa nokufinyelelka kule Nqubomgomo

11.1 Le Nqubomgomo izoshicilelwa ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseRiphabhlikhi.

11.2 Izotholakala kuwebhusayithi ye-DSAC (https://www.dsac.gov.za).

11.3 Izotholakala ngeBreyili uma iceliwe.

11.4 Le Nqubomgomo izobekwa obala kuwo wonke amahhovisi e-DSAC ngendlela futhi nasendaweni yokuthi ifundwe ngumphakathi.

12. Indlela yezikhalazo

12.1 Nanoma yimuphi umuntu onganelisekile ngesinqumo se-DSAC maqondana nokusebenzisa kwayo izilimi ezisemthethweni angafaka isikhalazo ngokubhalwe phansi ku-DG.

12.2 Nanoma yisiphi isikhalazo sifanele sifakwe:

12.2.1 ngokubhalwe phansi, futhi

12.2.2 kungakapheli izinyanga ezintathu kuvele isikhalazo.

12.3 Nanoma yisiphi isikhalazo esifakiwe sifanele sisho igama, ikheli kanye nemininingwane yokuxhumana yaloyo muntu osifakayo.

12.4 Nanoma yisiphi isikhalazo esifakiwe sifanele sinikeze incazelo ephelele nelandayo yokukhalaza.

12.5 U-DG angacela umfakisikhalazo ukuthi anikeze nanoma imiphi eminye imininingwane edingekayo ukuze kucutshungulwe isikhalazo futhi nokuhambela umhlangano ngenhloso yophenyo lomlomo ngesikhalazo.

12.6 U-DG uzocubungula isikhalazo futhi aphendule ngokubhalwe phansi, kungakedluli izinyanga ezimbili ngemuva kokufakwa kwesikhalazo, azise umfakisikhalazo ngesinqumo.

12.7 Uma umfakisikhalazo enganelisekile ngesinqumo sika-DG, angafaka isikhalazo kuNqongqoshe woMnyango ngokubhalwe phansi, kungakedluli izinyanga ezimbili ngemuva kokuba kuvele ukunganeliseki.

13. Ukubuyekezwa Kwenqubomgomo

Le Nqubomgomo izobuyekezwa uma kunesidingo kodwa okungenani kungakapheli iminyaka emi-5.